IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa. | (35) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (25) |

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. Phendula YONKE imibuzoekuleli phepha.
3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
5. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
6. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu.

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-40 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-20 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU D: | Imizuzu engama-30 |

UMBUZO 1

1. Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

# Ohlwithe eseNdoni izokhuthaza intsha



*INTOKAZI yasebaSuthwini uPuseletso Maloka ejabulela ukunqoba emncintiswaneni weNdoni obuseThekwini ngoMgqibelo ebusuku. Isithombe:* DOCTOR NGCOBO

NONTUTHUKO NGUBANE

IFUNA ukugqugquzela abesifazane abancane ukuba bahlukane nokucwila ezidakamizweni nokukhulelwa besebancane intokazi yesizwe sabeSuthu ekhale yemuka nonyanyavu lwemoto nomfundaze we R100 000 emncintiswaneni we-Indoni Miss Cultural SA obuse-ICC Arena eThekwini ngoMgqibelo.

UNksz Putseletso Maloka (17) wase-Free State ofunda ibanga le- 11 eMaamakoe Secondary uthe njengoba enguMiss Ndoni uzokwenza isiqiniseko sokuthi ukhuthaza intsha ukuthi ihlukane nezidakamizwa.

Lo nobuhle ubashaye emakhanda abanye abeqhudelana nabo kulo mcintiswano wokuqhakambisa usiko.

UPutseletso ufisa ukuphakamisa igama labesifazane bangakubo ngokuziphatha ngendlela aphinde azithuthukise ngemfundo.

"Kukhona amantombazane amancane azinikele ekuphuzeni utshwala, izidakamizwa nokuthola izingane esemancane. Ngifisa ukushumayela ivangeli lokuziphatha ngendlela njengoba ngidle umhlanganiso weNdoni kulo nyaka. Okusemqoka ukuthi abesifazane bazazi bona ukuthi bahle futhi bangakwazi ukuzimela. Kumele siqede isihlava sokuthi owesifazane udinga ukusekwa indoda ukuze aphumelele. Abesifazane abancane kumele bangavumi ukudlala abafana," kusho uPutseletso.

Lo mfundi uthe nakanjani uma eseqede ibanga le-12 uzoqhubeka nokufunda abhalisela izifundo zobunjiniyela esikhungweni semfundo ephakeme.

"Ngiyikhonze kakhulu imfundo, ngizokwenza izifundo zobunjiniyela. Ngijabula kakhulu ngoba ngizokwazi nokufunda ngaphandle kwenkinga ngoba senginawo umfundaze engiwuthole emncintiswaneni weNdoni," kusho uPutseletso.

Kulo nyaka intokazi ebimele amaZulu uZiningi Mthembu ikhale ngaphansi njengoba ingazange ingene ngisho kuTop 6.

Abadlulele esigabeni esandulela esamanqamu kube nguPutseletso, Nyanisa, Kelebogile Ntimane obemele abeTswana, Lusana Baai obemele amaMpondo, Zizipho Mngambi obemele amaXhosa noMapula Seshayi obemele amaPedi.

ULusana wadla waklonyeliswa koweFace of Indoni kanti kuMiss Ubuntu kuphumelele intokazi yomTsonga uVutlhari Mkhavele.

Lo nobuhle uthe ujabe ukuzishayelela imoto yakhe njengoba esakufundela.

"Okwamanje ngifundela I-learners ukuze ngizokwazi ukuthola izincwadi zokushayela. Ngizimisela ukuthi ngithi ngiqeda isikole ngibe sengizishayelela imoto yami," kusho yena.

*Isolezwe 15 Okthoba 2015*

1.1 Ngabe le ndaba ikhuluma ngomncintiswano wani? (1)

1.2 Lo mncintiswano ububanjelwe kuliphi idolobha? (1)

1.3 Abantu abaningi abakhuluma isiSuthu batholakala kulesi sifundazwe

A KwaZulu Natali

B ENtshonalanga Koloni

C EMpumalana (1)

1.4 Ubani igama nesibongo sowine lo mncintiwano okukhulunywa ngawo lapha? (2)

1.5 Lo mncintiswano kuqondwe ukukhuthazani entsheni ngawo? Bhala amaphuzu amathathu. (3)

1.6 Yimiphi eminye imikhakha emibili obekuwinwa kuyo ngalobu busuku? (2)

1.7 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo:

1.7.1 Ukubashaya emakhanda (2)

1.7.2 Ukukhala ngaphansi (2)

1.7.3 Ukuphakamisa igama (2)

1.8 Ngokucabanga kwakho le mincintiswano enjena ibasiza kanjani abantu abayingenelayo nabayibukelayo? Bhala amaphuzu amabili. (2)

1.9 Yiziphi izinto ezikhathaza Putseletso Maloka ngentsha yamanje? Bhala zibe ZINTATHU (3)

1.10 Uma kungathiwa ake uhlele lo mcimbi yimiphi imikhakha emibili ongayengeza kulo mncintiswano ukuze ungakhombi ukuchema. (2)

1.11 Ngokwazi kwakho uhlelo "Ukhumbula ekhaya" lwenza musebenzi muni emphakathini? (1)

1.2 Funda lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ePHELELE.

ASIKHO ESIFANA NASO

Asikho isitsha samapeni esidlula lesi.

Yinguganaboya lena! Sibiza u-R14.95

Siza nanapeni Kanye nerabha



Angeke uyikhalele ngempela imali yakho.

**Phuthuma** uyosithola.

Uyosithola uma siseso esitokweni.

Sitholakala kwa-Game nakwa –CNA

1.2.1 Yini ekhangiswa lapha? (1)

1.2.2 Chaza ngolimu olujwayelekile ukuthi yinto enjani ebizwa ngenguganaboya? (2)

1.2.3 Yiziphi izinto ezimbili ongazitholela zona mahhala uma uthenga lesi sitsha? (2)

1.2.4 Uma ubukisisa kahle lesi sithombe ungathi isikhathi sini lesi afunda ngaso lo okusona. Sekela impendulo yakho. (1)

1.2.5 Kungani amagama athi, "**Phuthuma**" ebhalwe ngokunzima (bold)? (2)

1.2.6 Sitholakala kuziphi izitolo ezimbili lesi sikhangisi. (2)

1.2.7 Amagama athi angeke uyikhalele imali yakho asho lokhu:

A Uzosijabulela kakhulu lesi sitsha.

B Awuzukuneliseka ngalesi sitsha.

C lesi sitsha sizokubangela usizi. (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU A : 35**

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esixoxa ngebhizinisi eliletha inzuzo bese ufingqa isiqephu ngamaphuzu ayi-7.

IMIYALELO:

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele. Amagama akho abe phakathi kwangama-50 kuya kwangama-60.
2. Amaphuzu akho awabe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa kumusho ngamunye.
4. Sebenzisa amagama akho emishweni.
5. Ekugcineni kwamaphuzu onke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UNGAWUBUYEKEZA KANJANI UMSEBENZI WAKHO WESIKOLE**

Ukufundela ukubhala izivivinyo zokuphela konyaka kuba umqansa kabi uma ungazange uzilungiselele kusenesikhathi. Abafundi abaningi abaphumelelayo ezifundweni zabo baqala kusenesikhathi ukuzilungiselela ukuze kuqambe kufika isikhathi sezivivinyo sebekulungele ukubhala. Akumele ukuthi ufunde umsebenzi omningi ngesikhathi esincane. Uma uzama ukwenza lokho uyozithola usukhathele ungazange uzuze lutho ekufundeni kwakho. Ukufunda kwakho ngeke kube impumelelo. Hlukanisa umsebenzi wakho ngamaqoqwana nangezikhathi ezincane. Kumele ube naso isikhathi sokuphumula ukuze uphumuze ingqondo.

Yiba nesikhathi esithile osihlelayo sokufunda futhi uzame ngazo zonke izindlela ukusilandela. Abanye bayaye bahlele isikhathi sakusihlwa ngoba kusuke sekuthule bengasaphazanyiswa yilutho. Ukufunda ngesikhathi esisodwa nsuku zonke kugcina kungumkhuba wakho owenza impilo yakho yonke ngisho ungasekho esikoleni. Kuyaye kube kuhle futhi ukuzinqumela nokuthi yini lena ofuna ukuyazi ngesikhathi esithile.

Abafundi abaningi bamane bafunde noma yini. Kuhle ukuqalisa ukufunda uma usulwenzile uhlelo lwakho lokufunda futhi luhambisane nezifundo ozenzayo. Uhlelo lokufunda luba indlela eya empumelelweni. Kuhle uhlelo lokufunda luqaliswe kusenesikhathi esanele sokufunda. Kwesinye isikhathi abanye bayaphuza ukuqalisa ukufunda ngoba bengasifuni leso sifundo noma bethi silukhuni. Ukwephuza ukuqalisa ukufunda kuwukuzibambezela ngakho-ke

buyekeza umsebenzi wakho. Uma sekusondele ukubhalwa kwezivivinyo kuyobe sekulukhuni ukuzilungiselela. Uma ufunda usuxhamazela akukho nokukodwa okungena ekhanda, esikhundleni salokho ungenwa amanzi emadolweni. Kulukhuni ukubhekana noma ukufunda izifundo ezinzima. Abafundi bayaye bazikhohlise bathi bazogcina ngazo. Kungcono baqale ngalezi ezilula ezibanika umfutho. Akunjalo. Uma ulungiselela ukuhlolwa kumele uqale ngazo impela lezi ocabanga ukuthi zilukhuni. Umqondo phela nawo usuke usakulungele ukwamukela noma yini futhi usenomfutho.

*Isolezwe 28 Okthoba 2014*

3.1 Lesi sikhangisi esingenhla sibhekiswe kobani? Sekela impendulo yakho (2)

3.2 Yiziphi izinto ezimbili ongazizuza ngokusebenzisa le nsipho ekhangiswayo? (2)

3.3 Isineminyaka emingaki idayisa insipho eliqhuzu yakwa-Savlon? (1)

3.4 Sibona ngani ukuthi lo mndeni uyayithokozela ngempela le nsipho entsha yakwa Syvlon? (1)

3.5 Ngokucabanga kwakho insipho eliqhuzu yehluke kanjani kunalolu ketshezi obelusetshenziswa? Bhala amaphuzu amabili. (2)

3.6 Ngabe umbono noma iqiniso ukuthi iSavlon isivikela kuwo wonke amagciwane (2)

[10]

UMBUZO 4

**Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho EPHELELE.**

Abafundi abaningi kabakujabuleli ukuhlolwa ikakhulu labo abafunda ibanga leshumi nambili kule nyanga. Amavila uwabona ngombala uma sekusondele lesi sikhathi sokuhlolwa. Amavila afunda ilanga lonke kodwa kungangeni lutho ngoba asuke esebetatazela. Ungawaphasa wonke amabanga ngamalengiso kodwa uma ungaphumelelanga ibanga le-12 ufana nongafundanga. Cishe abafundi bebanga le-12 abangama -560000 ababhala ukuhlolwa kwabo kulo nyaka. Mina ngibona kukuhle ukuthi umuntu aqale ukuthanda umsebenzi wakhe ukuze aphumelele ebangeni le-12. Kuliqiniso elingephikwe ukuthi bayohlale bekhona abangeke baphumelele ibanga le -12 kodwa baphumelele empilweni. Mina ngithathe isinqumo sokusebenza kanzima. Ngizoqala manje ukuzimisela. Uma ngingazimisela ngisekuleli banga, ayikho into eyongivimba uma sengifunda ibanga le-12. Ngizimisele ukuqala ithuba lisekhona ukuze ngingadumali ngoba abadala bathi elisuka muva likholwa izagila.

4.1 Bhala igama eliphikisa elithi **ivila.** (1)

**4.2** Gcwalisa isikhala emshweni olandelayo ngebizo **' ivila'** usulenze isigaba 14

Abusizi ngalutho ..... ngoba ugcina ungafundeli kahle ukuhlolwa (2)

4.3 Guqula ibizo **abafundi** ulenze libe undaweni emshweni olandelayo.
Indaba isuke isisele abafundi ukuthi bona bazimisele (2)

4.4 Yakha umusho wakho lapho uebenzisa ibizo **isikhathi** lapho selikhomba ubuncane (isinciphiso) (2)

4.5 Qedela lo musho ngokufaka izivumelwano ezifanele. Bhala umusho wonke.

Izingane ezimiselayo zi_thola ulula umsebenzi wokuphela konyaka. (1)

4.6 Bhala umusho olandelayo ube sebunyeni/ubunye

Abafundi babhala izifundo eziningi. (2)

4.7 Sebenzisa ibizo elilandelayo emshweni ozakhele wona ukuze liveze umqondo ukuthi linomqondo ohlukile kunalowo osesiqeshini.

4.7.1 Inyanga (2)

4.8 Guqula lo musho olandelayo ube senkathini oyibuziwe.

Umfundisi ushumayela esontweni.

4.8.1 inkathi esandakudlula ukuvuma (2)

4.9 Qedela umusho olandelayo ngokushintsha iziqu uzenze zibe izabizwana ezizwakalayo. Sibhale sonke isiqephu.

-**bili** laba bafana bathanda izibalo –**dwa.** Izibalo –**bo** bazenza kushone

Ilanga. (3)

4.10 Bhala umusho usebenzise ibizo 'isinqumo' usulishintshe laba isabizwana soqobo. (2)

4.11 Yakha imisho yakho lapho usebenzisa iziqu ozinikiwe ukuveza izingcezu zenkulumo ozibuziwe.

| | | |
|---|---|---|
| 4.11.1 -sha | isiphawulo | (2) |
| 4.11.2 -ithu | ongumnini | (2) |
| 4.11.3 -mnandi | isibaluli | (2) |

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25

ISAMBA SEPHEPHA LONKE: 80